Downloaded from Stanmorephysics.com

**IMIYALELO YEPHEPHA**

- Fundisisa kahle imiyalelo ngaphambi kokuba uqale ukuphendula imibuzo.
- Leli phepha **LINEZIQEPHU EZINE NEMIBUZO EMIHLANU**
- **ISIQEPHU A- IZINKONDLO**
  UMBUZO 1- INKONDLO EMISELWE
  UMBUZO 2- INKONDLO ENGAMISELWE
- Uphoqelekile ukuphendula **zombili izinkondlo**
- ISIQEPHU B: Phendula imibuzo **EMIBILI kulena EMITHATHU** elandelayo umdlalo, indaba emfushane kanye neNoveli.
- Kulindeleke ukuthi uphendule imibuzo **emine kuphela** kuleli phepha.
- Yeqa umugqa ngemuva kwempendulo yakho
- Bhala ngobunono.



Downloaded from Stanmorephysics.com

**ISIQEPHU A: IZINKONDLO**
**UMBUZO 1: INKONDLO EMISELWE**
**Fundisisa le nkondlo bese uphendula imibuzo elandelayo**

**Bawuhlabe Inhlali**

Balal'ubuhlalu bobuthongo,
Balala beqashwe izidlakela,
Izidlakela ezihlome zingovolo,
Ziyikizela nolaka namavovovolo,
Belele kwezintofozela njengovolo,
Bengazi ndlala ngezisu zabo,
Bengazi makhaza ngemizimba yabo,

Bagibela izinjomane zesimanje,
Ezifunde zagogoda ngobuchwepheshe,
Zibathwale zibahambise lena,
Zibathwale zibabuyise lena,
Bengalubhadi neze kimi,
Ngoba mina ngingelutho,
Lokhu mina anginalutho,
Ngaphandle kophawu lokuvota,
Olubeka bona ezihlalweni zokubukhosi
Bakhombe ngophakathi njengamakhosi,
Mina ngibe ngishukwashukwa usizi,
Mina ngibe ngidikwadikwa usizi,
Lungiququda imini nobusuku,
Lungiququda ubusuku nemini,
Kubona kungadikizi nanqulu,
Ngakho balokhu bewuhlabe inhlali.

Stanmorephysics.com

1.1. Tomula ubuye ugagule imvumelwano etholakala esitanzeni sokuqala (2)

1.2. Hlobo luni lwesifengqo oluqukethwe umugqa wama-20? (2)

1.3. Chaza kafushane ngendikimba yale nkondlo. (2)

1.4. Kungabe imbongi iqonde ukuthini ngesimo sokukhuluma esitholakala emgqeni wama -22? (2)

1.5. Phawula ngesigqi sale nkondlo. (2)
**[10]**

Downloaded from Stanmorephysics.com

**UMBUZO 2: INKONDLO ENGAMISELWE (uphoqelekile ukuphendula lo mbuzo)**
Fundisisa le nkondlo bese uphendula imibuzo elandelayo.

**Zilwane Zakwethu**

Nonhlanhla kababa,
Sibongile kababa,
Selokhu nabopha nemuka,
Selokhu nafulathela zaya,
Kwaba amalombo okwejuba likaNowa,
Mina sengakhuluma ngedwa okohlanya,
Kube sengathi ngiyanizwa,
Nihleka ngohleko oluhle,
Kube sengathi ngiyanibona ,
Ninyathela niya le nalena,
Niphithizela empilweni yokuphila,
Nihamba ngemizimba enokuphila.

Lapho esenagoya khona
Imimoya yenu mayibusiswe.

2.1. Tomula ubuye ugagule ukuxhumana etholakala estanzeni sokuqala. (2)

2.2. Hlobo luni lwenkondlo lolu?Sekela impendulo yakho. (2)

2.3. Chaza umoya wale nkondlo. (2)

2.4. Chaza umqondo oqukethwe umugqa wesi-6. (2)

2.5. Phawula nge-enjambamenti etholakala kule nkondlo. (2)

**[10]**

**20 AMAMAKI**

Downloaded from Stanmorephysics.com

**ISIQEPHU B :UMDLALO**

**UMBUZO 3**

Funda lesi siqeshana esicashunwe emdlalweni osihloko sithi: **"Kwakumele Ungitshele"** bese uphendula imibuzo ezolandela.

*(Kusesikoleni uNingi uxoxa noZonke bazikhuluma zonke njengenjwayelo.)*

**uNingi:** (*Ngokwenama*) Ngikhuluma nawe nje usesibhedlela, kumbulwa kwembeswa...

**uZonke:** *(Ngokuthuka)* Kahle bo Ningi!

**uNingi:** Angidlali kanjalo phela mina Zonke. Bengizohlala nale ngane ngingafuni kuze kube nini?

**uZonke:** Uze umdlise pho mngani wami?

**uNingi:** Bekumele ngenzenjani ngoba zonke izinto engizizamile zihlulekile?

**uZonke:** Ngisho kunjalo Ningi, lokho bekungasho ukuthi usungaze umbulale pho! Kwakumele ungitshele, mina njengomngani wakho ngangizokutshela ukuthi ungakwenzi lokho. Ukube wangitshela nje…

**uNingi:** (*Ethi dlengelele*) Wangijikela manje Zonke? Engani sonke lesi sikhathi wena kade ungiluleka ngokuthi kumele ngimuhluphe kanjani uLunga? Uma sengenza ngeyami indlela manje sengimubi. Kanti unjani nje wena?

**uZonke:** (*Ngomoya ophansi.*) Mina ngangizwelana nawe ngenkinga owawubhekene nayo. Angikaze kodwa Ningi ngithi uboyibulala ingane yabantu. Ungakhohlwa ukuthi nawe unengane, ngelinye ilanga eyohlala nomunye umuntu wesifazane. Kuyothini nje kuwena uma usuthola ukuthi ingane yakho yadliswa ngoba ingafunwa?

**uNingi:** Iyoze ihlale nomunye nje mina ngiyobe ngikuphi?

**uZonke:** *(Ahleke uhleko lokubhuqa)* Izinto ziyashintsha mngani wami. Kuhle namuhla, kusasa awazi ukuthi kuzobe kunjani.

**uNingi:** Mina Zonke ngishadile noKwenza, unina kaLunga akashadile. Ngakho ungangifanisi mje nomuntu ongazi nokuthi umnyango wasemshadweni ubheke ngakuphi.

**uZonke:** Angikholwa mngani wami ukuthi uMaCele wayazi ukuthi umyeni wakhe usezimisele ngokuthatha wena. Ngicabanga ukuthi kwaba yisimangaliso nje kuyena esezwa ukuthi usezoba nomnakwabo.

**uNingi:** (*Aqale ajule ngemicabango*) Uqonde ukuthini Zonke?

**uZonke:** Ngiqonde ukuthi ungazitsheli ukuthi sekunguwena owokugcina kuKwenza ngoba njengamanje awumazi ukuthi ucabangani.

**uNingi:** Ngisho kuthiwani kukhona okwaziyo Zonke. Phela wena ungumngani wami ngikwazi kahle. Njengoba ugigiyela nje kukhona okuzwile. **Ngilume indlebe phela mngani wami.**

Downloaded from Stanmorephysics.com

3.1. Ubani lo osesibhedlela okukhulunywa ngaye kulesi siqeshana? (1)
3.2. Bahlobene kanjani uZonke noNingi ngokwalo mdlalo? (1)
3.3. Ubani umdlali oyiqhawe kulo mdlalo? Sekela impendulo yakho ubhekise emdlalweni. (2)
3.4. Kungani uNingi esesola uZonke ngokumjikela kulokhu ababekuxoxile? (2)
3.5. uNingi uvezwe njengomdlali onjani kulo mdlalo? Sekela ngokwenzeka kulesi siqeshana. (2)
3.6. Chaza kafushane isisusa sodweshu kulo mdlalo. (2)
3.7. Aqonde ukuthini amazwi abhalwe ngokugqamile enkulumeni kaNingi? (2)
3.8. Ngabe sizathu sini esenza ugogo afune ukuyohlala ekhaya labadala? (2)
3.9. Xoxa ngesizinda salo mdlalo kulesi siqeshana ubhekise kulokhu: (2)
3.9.1.Indawo
3.9.2.Isimo senhlalo
3.10. Ngokucabanga kwakho kwakufanele yini uKwenza ahlalise ingane yakhe ayithola ngaphandle nonkosikazi wakhe uNingi? (2)
3.11. Phawula ngesiphetho sale ndaba. (2)

**[20]**

**NOMA**

**ISIQEPHU C**

**UMBUZO 4: INDABA EMFUSHANE**

1. Funda lesi siqeshana esicashunwe endabeni emfushane oyifundile bese uphendula imibuzo ezolandela.

***Usufike Ekugcineni***

Bathuke kuphele nasozwaneni oXolile noNomtha. "Hawu, ufike nini lapha sthandwa sami ngoba bengithi ngikugadile? UMondli amuphendule ngodlame lodwa uXolile. "Ubungigade nani? Beningigadele ukucevuza lokhu enikwenzayo? Kade ngangikutshela ukuthi angimfuni lo mngani wakho Xolile awuzwa." Sekuthi akazichamele bandla uXolile. UNomtha yena wayengazi nokuthi lidumephi. Akabhenywa ngempela uNomtha wavele wamtshela emakhaleni uMondli konke okungaphakathi kuye, "We Mondli ngeke ngikuvumele uhlukumeze umngani wami ngikhona. Lokho uyokwenza uma ngingekho phambi kwenu noma ukwenze sengafa. Uzwa kahle Mondli?" Avele amhlanyisa kakhulu la magama akhulunywa Nomtha amhazisa Mondli, "Uzobhampa ntombazane ndini, uzoshayisana nezindonga uma uza ngobuso lapha kimi, angizelwa ngobuso." Abhilite, azidele amathambo noNomtha aze afukule isiketi sakusikwica. "Ngingajabula uma ungase uhloniphe isithunzi nelungelo likaXolile. Ungumuntu naye, unenhliziyo njengawe." Batinyelane ngamazwi ahlabayo. "Ngingajabula nami uma ungavala leli dibili lembebevu yomlomo wakho Nondi..." azikhuze esefuna ukumshaya ngesigaxa senhlamba. "Hamba, suka uphele lapha ngingaze ngiphelelwe unembeza." Azinikine uNomtha. "Uma ukuphelela awukuphelele lowo nembeza, kodwa mina anginyakazi ungashongo ukuthi uzoyiyeka le mikhuba oyenza kuXolile." UMondli amhlome umbuzo othanda ukumbinda uNomtha. "Uxhumaphi wena

Downloaded from Stanmorephysics.com

ezindabeni zabantu ababili? UXolile akasilo idlozi lona elikhulunyelwayo." Konke lokho kusazingenela ngapha kuphume ngapha kuNomtha. "Iyona ndlela okhombisa ukumthanda ngayo uXolile leyo njengoba uhlezi umgikliza nje?" Abuke uXolile ngehlo elibi uMondli. "Uyena uXolile okutshele lokho?" Ambhekise eceleni engafuni ukuphendula umbuzo obuzwa uMondli

**Icashunwe endabeni emfishane esihloko sithi: "Usufike ekugcineni"**

| | | |
|---|---|---|
| 4.1 | UXolile noMondli bahlobene kanjani ngokwalesi siqeshana esingenhla? | (2) |
| 4.2 | Ubani umlingiswa osemqoka kule ndaba emfishane? Usho ngani? | (2) |
| 4.3 | Kungani uXolile egade uMondli ngokwale siqephu esingenhla? | (2) |
| 4.4 | Chaza isizathu esenza uNomtha engafuni ukuhamba ashiye uXolile. | (2) |
| 4.5 | Xoxa ngamaphuzu amabili izenzo zikaMondli kule ndaba emfishane ezimenza abe ngumlingiswa onodlame noma ohlukumezayo. | (2) |
| 4.6 | Chaza udweshu lwangaphandle olutholakala kule ndaba. | (3) |
| 4.7 | Uyazwelana yini nesimo esibhekene noXolile kulesi siqeshana.Sekela impendulo yakho. | (3) |
| 4.8 | Ngokucabanga kwakho wayezophumula ngempela yini uXolile ngemva kokufa kukaMondli | (2) |
| 4.9 | Phawula ngesifundo osithole kule ndaba emfushane | (2) |
| | | **[20]** |

**NOMA**

Downloaded from Stanmorephysics.com

**ISIQEPHU D : INOVELI**
**UMBUZO 5**

Funda lesi siqeshana esicashunwe enovelini oyifundile bese uphendula imibuzo elandelayo.

***Isahluko 2***

USindi wayesezame wehluleka ukumthola uPat kwiselula yakhe uPat.Wayehambe eye edolobheni eyocoshacosha izonto ezincane.Kwathi kudlula isikhathi ayethe uzobuya ngaso , wamfonela yayingakhali nokukhala kodwa ivele imfake kwi – *voicemail.*
Wagcina ngokuyeka wangena ezingubeni kodwa ethanda ukuba netwetwana , ezitshela ukuthi cishe kukhona okubi okuvelele uPat.Wazigcina ecabanga waze wazunywa yiqhawe elingubuthongo zaya kakhulu.
Ebuthongweni bakhe obumnandi waphaphanyiswa ukungqongqoza ewindini.Wathuka wagelekeqeka walalelisisa kahle ukuthi konje ngabe ubani loyo.Iwashi leselula lamtshela ukuthi ligamenxe ihora lokuqala entathakusa.Lwamuthi heqe uvalo uma ezwa iphimbo longqongqozayo lithi: “Usho uma ungafuni ukuvula ngizingenele ngendlela yami”.Lamdida lelo phimbo elalifana nelika Pat kodwa lona linokunamuza.Uma kungu Pat pho ukhuluma kanjani uma ekhuluma kanjena?Uma kunguyena akavuli ngani azingenele ngoba unawo ukhiye wakhe.Cishe igenge kaThiza esinqume uPat manje isizokwenzakalisa mina, wayecabanga buthule uSindi.
“Sindi uyavula noma awuvuli?”

| | | |
|---|---|---|
| 5.1 | Ubani umlingiswa osemqoka kule noveli?Sekela impendulo yakho. | (2) |
| 5.2 | Nikeza izizathu ezimbili ezenza uThiza kuthiwe ushaye udaka ekuhleleni umshado woPat noSindi. | (2) |
| 5.3 | Wafike wenzani lo muntu uma esemvulelile uSindi emnyango?Shono kube kubili. | (2) |
| 5.4 | Yini eyenza uSindi abe novalo uma engamtholi uPat ocingweni lwakhe | (2) |
| 5.5 | Chaza isisusa sodweshu kule noveli | (3) |
| 5.6 | Ngabe uvezwe njengomlingiswa onjani uSindi kule noveli?Sekela impendulo yakho ngemisho emibili. | (2) |
| 5.7 | Chaza kafushane ukuthi isihloko sale noveli sihambelana kanjani nokwenzeka enovelini | (3) |
| 5.8 | Ukushadana kwabantu bobulili obubodwa sekwaba semthethweni ezweni lethu.Uyahambiselana noma awuhambiselani wena nakho? | (2) |
| 5.9 | Phawula ngesiphetho sale noveli. | (2) |
| | | **[20]** |

**ISAMBA 60**

Downloaded from Stanmorephysics.com

LELI PHEPHA LINAMAKHASI AYISI-6

## ISIQEPHU A :IZINKONDLO

### UMBUZO 1- INKONDLO EMISELWE

| | | |
|---|---|---|
| 1.1 | **Be**lele kwezintofozela njengovolo,<br>**Be**ngazi ndlala ngezisu zabo,<br>Imvumelwano siqalo | (2) |
| 1.2 | I-Okzimoroni | (2) |
| 1.3 | Indikimba yale nkondlo eyoSopolitiki.Imbongi ikhala ngokuthi oSopolitiki bathi bengabavotela bengabe besabanaka bona behambe ngezimoto ezinhle uma ikhala ngenhlupheko bayazithulela nje bangabinandaba nayo. | (2) |
| 1.4 | Imbongi iqonde ukuthi noma bengazibika kangakanani izinkinga ababhekene nazo emphakathini kodwa oSopolitiki abanandaba nabo bavele bazithulele nje | (2) |
| 1.5 | Isigqi sale nkondlo siyanensa ngenxa yomoya wokukhathazeka imbongi ikhathazwa ukunganakwa komphakathi ngemuva kokuvota. | (2) |
| | | **[10]** |

### UMBUZO 2 – INKONDLO ENGAMISELWE

| | | |
|---|---|---|
| 2.1 | **Selokhu** nabopha nemuka,<br>**Selokhu** nafulathela zaya,<br>Ukuxhumana siqalo | (2) |
| 2.2 | ISonethi ngoba inemigqa eyi -14. | (2) |
| 2.3 | Le nkondlo inomoya wosizi.Imbongi ibalisa ngezingane zakwabo ezashona zayishiya yodwa ithi selokhu badlula emhlabeni isisele nesizungu ayisenamuntu exoxa naye iyabakhumbula ifisa sengathi nalapho belele khona bangalala ngokuthula. | (2) |

Downloaded from Stanmorephysics.com

| | | |
|---|---|---|
| 2.4 | Imbongi ithi ayesnabani ezixoxoxa naye ngezinkinga zayo ngoba abakwabo sebashona bonke. | (2) |
| 2.5 | I- enjambamenti etholakala emgqeni we-13 kuya kowe -14 imbongi ngayo ichaza ukuthi odadewabo uNonhlanhla noSbongile la esebendele/ganele /khethe ukuyohlala khona ibafisela ukuhlala okuhle imiphefumulo yabo ilala ngokuthula. | (2) |
| | | **[10]** |

**ISIQEPHU C**

**UMBUZO 3**

| | | |
|---|---|---|
| 3.1 | uLunga | (1) |
| 3.2 | Bangabangani | (1) |
| 3.3 | uKwenza.Uyena esimthola esingenisweni salo mdlalo ebhekene nenkinga yenkosikazi yakhe yesibili enguNingi engamlaleli. | (2) |
| 3.4 | Yingoba uyena owayemupha amasu /amacebo angahlukumeza ngawo Lunga ukuze ezoduba ahambe amshiye ngokuthula emzini wakhe. | (2) |
| 3.5 | uNingi uvezwe njengomama ongenanembeza ongumbulali ufakele ingane yomyeni wakhe ushevu ongujuqu yafa.Uqhosha ngomendo enjalo nje akaxoxelwa ndaba uzikhipha zonke.Akaboniseki enjalo nje. | (2) |
| 3.6 | Isisusa sodweshu kulo mdlalo ukufona kukaThoko ecelela uLunga indawo yokuhlala ngoba eseyofunda eDUT ngoba akezukuba nayo imali yokumkhokhela indawo yokuhlala. | (2) |
| 3.7 | Amazwi agqamile achaza ukuthi uZonke akamhlebele ukuthi yini le ayizwe ngomyeni wakhe uNhlobo ecatshangwa ukwenziwa uKwenza. | (2) |
| 3.8 | Isizathu esenza ugogo kaLunga afune ukuyohlala ekhaya labadala ukuthi usekhathele ukukhacwa uNingi noVumo bemncisha nokudla emzini wendodana yakhe uKwenza. | (2) |
| 3.9 | 3.9.1. **Indawo**- Lo mdlalo wenzeka eMgungundlovu endaweni eyidolobha eduze neNyuvesi iDUT (Steve Biko Compass).<br>3.9.2.**Isimo senhlalo** asisihle umndeni wakwaMpulo awuhlalisene kahle ugogo beno Lunga bayahlukunyezwa uLUnga ugcina | (2) |

Downloaded from Stanmorephysics.com

| | | |
|---|---|---|
| | ngokubulawa ngoshevu kanti ugogo ugcina ngokuyohlala kwaMaCele.uKwenza usecabanga nokuthatha unkosikazi wesithathu. | |
| 3.10 | Cha kwakungafanele amakhosikazi amaningi awazithandisisi kahle izingane zamadoda azo ezizalelwe ngaphandle komshado.Kwakumele emkhokhele indawo yokuhlala kodwa angamtsheli uNingi ngoba wayezosusa umsindo futhi uyamazi ukuthi unekhanda eliluhlaza lokho kwakuzophephisa impilo yendodana yakhe.Wacabangela kakhulu imali kune mpilo yengane yakhe .<br><br>NOMA<br><br>Yebo kwakufanele sasingekho isidingo sokuhlalisa ingane kabuhlngu emqashweni likhona ikhaya layo eduze nesikole wayengakucabangi lokhu okwenziwa uNingi enganeni yakhe wayecabanga ukuthi uzomphatha kahle azizwe esekhaya njengomuntu phela owazovusa umuzi wakwaMpulo. | (2) |
| 3.11 | Lendaba iphethe ngokufa kukaLunga kabuhlungu ngemuva kokudliswa unina omncane ushevu ngoba engamfuni emzini wakhe. | (2) |
| | | **[20]** |

**ISIQEPHU C: INDABA EMFUSHANE**

**UMBUZO 4**

| | | |
|---|---|---|
| 4.1 | Bayazthandana/bayizithandani | (2) |
| 4.2 | uXolile.Uyena obhekene nenkinga yesoka lakhe elinesikhwele elinguMondli . | (2) |
| 4.3 | Yingoba uyamazi ukuthi unolaka olubi kabi uyamesaba akafuni amthole enabangani bakhe ithi bazomfaka umqondo ongasile uma engaqhamuka kungasuka ingxabano | (2) |
| 4.4 | Isizathu esenza uNomtha angafuni ukshiya uXolile ukuthi uyazi ukuthi uMondli umhlukumeza kangakanani manje namhlanje ufisa ukumvikela kulesisidla mlilo esinguMondli ngoba simxhaphaza ngoba simazi ukuthi uyintandane. | (2) |
| 4.5 | uMondli uyamshaya uXolile ngoba azi ukuthi akanamkhulumeli.<br><br>uMondli umphuca imali yakhe ekubeni yena engamuphi eyakhe. | (2) |
| 4.6 | Udweshu lwangaphandle siluthola uma kufika uMondli efica uXolile enomngane wakhe uNomtha ,UMondli ukhuluma ukudelela kwakhe kanti uNomtha akezukukuvuma ke lokho kwasuka impi bamshaya bobabili uMondli wagcina ngokbulawa isibhamu sakhe. | (3) |

Downloaded from Stanmorephysics.com

| | | |
|---|---|---|
| 4.7 | Ngiyazwelana nesimo esibhekene noXolile ngoba kubukeka sengathi naye useyaisa ukuphuma kulobu budlelwano bakhe noMondli inking kakaltholi usizo aludingayo amaphoyisa amdicilela phansi kanti useyintandane akekho ozobye amkhlumele.<br><br>NOMA<br><br>Angizwelani naye ngoba kwakumele amyeke mhla eqala ukumhlukumeza uma ebona ukuthi amaphoyisa awamsizi ngalutho kwakumele abikele iziphathimandla zendawo noma afune usizo koSonhlalakahle ukuze aphephise impilo yakhe kulo mgulukudu onguMondli. | (3) |
| 4.8 | Yebo wayezophumula kungasekho muntu omhlukumezayo nomphuca imali yakhe ayisebenza kanzima.<br><br>NOMA<br><br>Cha wayengeke aze aphumule inhliziyo enecala ayikutholi ukuphumula wayezohlala ezizwa sengathi ungumbulali bese engakutholi ukuphumula impilo yakhe yonke.<br><br>(impendulo eshaya emhloweni iyoklonyeliswa) | (2) |
| 4.9 | Kule ndaba ngithole isifundo sokuthi akukho qili lazikhotha emhlane.Umondli ubesezibona eseyisikhulu esiphethe impilo kaXolile kanti uzogcina ebatholile abafana naye wafa kalula nje.Lokho –ke kuyisifundo esithi ubuqhwaga abubuyiseli buyabulala noma bukubophise kupheke nya ngempilo yakho.<br><br>(nezinye izimpendulo ezishaya emhlolweni ziyokwemukelwa) | (2) |
| | | **[20]** |

**ISIQEPHU D INOVELI**

**UMBUZO 5**

| | | |
|---|---|---|
| 5.1 | uPat ngoba uyena obhekene nenkinga esingenisweni sale ndaba | (2) |
| 5.2 | Ukudla kwakushoda amasaladi ayemathathu esikhundleni samahlanu esivumelwano<br><br>Utshwala babuyizinhlobo ezintathu esikhundleni sezinhlanu<br><br>Izingubo zomshado zazibampintsha abanye kuyizikhwaxa nakuba zazilinganisiwe | (2) |

Downloaded from Stanmorephysics.com

| | | |
|---|---|---|
| | Umsakazo kwakungowasenlini uxhunywe izipikha ezimbili ezinothuli<br><br>(okubili kwalokhu) | |
| 5.3 | Wafike waphuza utshwala waphahlaza phansi ibhodlela endlini.<br><br>Wafike washaya uSindi embiza ngomfazi emhahlela nangonyawo bagcina sebelwa ke. | (2) |
| 5.4 | Unovalo uyesaba ukuthi cishe igenge kaThiza isimenzakalisile manje isifuna ukuzokwenzakalisa yena ngoba vele babelindele ukuthi ingafika noma nini. | (2) |
| 5.5 | Isisusa sodweshu kule noveli ukushaya udaka kukaThiza emshadweni kaPat noSindi umshado wangaba sezingeni eliphezulu kanti kwakusasele ingxenye yemali eyayizokhokhwa ngemuva komcimbi oPat abasavumi ukukhokha lemali kanti uThiza uyayifuna akadlali. | (3) |
| 5.6 | uSindi kule noveli uvezwe njengomlingiswa onguthathekile uthanda imali kakhulu ukhetha ukushada nomuntu angamthandi wobulili obufana nobakhe ngenxa yothando lwemali nobukhazikhazi<br><br>uSindi uvezwe njengomlingiswa oxegelwa yisimilo ufaka isoka lakhe lakudala emzini wakhe la eshadele khona. | (2) |
| 5.7 | Isihloko sale noveli sihambelana kahle nokwenzeka enovelini uPat ushade noSindi kodwa usejola no Thiza.USinsi naye ushade noPat kodwa usebuyelene nesoka lakhe uTebza kokne lokhu abakwenzayo sekungamanyala ngoba bashadile laba bantu.uLindo indodana kaPat bahalelana noSindi kodwa abatshelani bavele-ke bangontanga. | (3) |
| 5.8 | Ngiyahambiselana ngoba wonke umuntu usenelungelo lokuzikhethela indle afna ukuphila ngayo ngaphandle nje kokuzizwa ecindezelekile.<br><br>NOMA<br><br>Angihambiselani ngoba nakudala nje eMandulo awukaze ube khona umshado wabantu bobulili obubodwa awuthandeki nje emphakathini futhi nawo  awuhlali isikhathi eside ungabhidlikanga.<br><br>(Impendulo eshaya emhlolweni iyokwemukelwa) | (2) |
| 5.9 | Indaba iphethe ngokubhidlika komshado woPat noSindi.USindi iyamehlula impilo yaseMgungundlovu usebuyela kwelakubo eGoli esebhizi ngamalungiselelo omshado wabo noTebogo.uPat naye iyamhlula lendawo uqoqa amasakana akhe ubuyela kwelakubo eFree | (2) |

Stanmorephysics.com

